

## uAzron Zwelinzima wakwaKhumalo

\*22.05.1941 (eVryheid) – 05.12.2022 (eBrits),

\*umyeni kaNomgqibelo MamTshawe wakwaKhumalo eKhaya eBrits,

\*izibulo likaMaZungu noMkhulunyelwa bakwaKhumalo eBaQulusini, ababebusiswé ngabantwana abayishumi nambili (12), osekusele abathathu (3) kuphela kwabo namuhla

\*ungomunye wabantwana bokuqala emzini waKwaBhanya, esifundeni saseVryheid, eNatali, abangena esikoleni sokuqala esavulwa lapho ngo1949, wafunda waze wafika kwesalandela lesi, i*Government-aided Native Secondary School*, waphetha ngo1958, wayosebenza eStanderton, wabuyela eKhaya eVryheid ngo1959, wasebenza kwa*Christian Badenhorst Plumbing Works* nase*Standard Bank*.

\***UAzron Zwelinzima Khumalo** nabakwabo bagcina besindile olakeni loMbuso woBandlululo neNgcindezelo, uMbuso we-*apartheid* [1652/1948-1994]: Mhla ka13 Febhuwari 1963 „**uAZ**“ nabakwabo babona ubudlova nonya lwe-*apartheid* olwacekela phansi, lwabulala abaningi, badilizelwa amakhaya abo, baxoshwa emanxiweni abo nasemalibeni akwabo.

\*Emngceleni wakwelaseSwazini, eKromdraai, **uAZ** noMaNdlovu, umkakhe, bakhuthalela ukuphamba nokuthuthukisa izinhlangano namabandla eziFundo ngokwenkolo nangokwenqubo yoFakazi bakaJehova emphakathini waseKromdraai nasemaphethelweni.

\***UAZ**, umfundi olicwaninga alichaze ngokuzwakalayo iZwi laseBhaybheli, wayekade esesebenzé iminyaka eminingi enguFakazi kaJehova emakhaya nasemphakathini kwelaseMalawi, enyakatho-mpumalanga neAfrika, kwelaseKoloni, eKapa, eGqeberha (Port Elizabeth) kanye naseMhlanganweni kaZwelonke woFakazi bakaJehova waminyaka yonke eNasrec, eGoli, ephamba, ethuthukisa amaBandla eziFundo ngokwenkolo nangokwenqubo yoFakazi bakaJehova, eqeqesha, ekhuthaza abasaqalayo kanye nezikhuthali (pioneers).

\*INhlangano yoFakazi bakaJehova eNingizimu-Afrika naseMalawi iyamazisa owakwethu, **uAZ**, ngenkuthalo nentshisekelo nokuzinikela nokwethembeka kwakhe.

\*Insizwa enomusa, encokolayo, isikhuthali, inono, iqhathanzipho elizithandayo  
– **iNtungw' elincwaba!** 😊

Abakwabo nomkakhe, uMamTshawe eKhaya eBrits, kanye nabaningi  
abamaziyo uAZ, bayalila ngokuhamba kwakhe.

**>>uAzron Zwelinzima Khumalo 22.05.1941 – 05.12.2022**